



## It starts with a story

At the start of a new year, many people make New Year's resolutions. They make a decision on New Year's Eve or New Year's Day to stop doing some things, or to do other things over the course of the coming year. At Nal'ibali, we have only one resolution and it's the same one every year – to encourage more and more adults to read aloud to children and tell them stories so that we can spread a love of reading across our country! We hope you will join us in making this a reality. Have a happy reading year!

## Kuqala ngendaba exoxwayo

Ekuqaleni konyaka omusha, abantu abaningi bazibekela izinhloso zoNyaka Omusha. Bathatha isinqumo ngobusuku obandulela uNyaka Omusha noma ngoSuku LoNyaka Omusha sokuyeka ukwenza izinto ezithile, noma ukwenza ezinye izinto ngonyaka ozayo. KwaNal'ibali, sinenhloso eyodwa nje futhi ihlale ifana yonke iminyaka – ukukhuthaza abadala abaningana ukuthi bafundele izingane kuzwakale futhi bazixoxele izindaba ukuze sikwazi ukusabalalisa uthando lokufunda ezweni lonkana! Siyethemba ukuthi uzohlanganyela nathi ekwenzeni lokhu kube okoqobo. Yiba nonyaka othokozisayo wokufunda!

### HOW TO MAKE 2019 A STORY-FILLED YEAR

1. Read to your children for 15 minutes every day.
2. Play our special "Build a story!" game (pages 2 and 15) with your family and friends again and again.
3. Tell your children stories regularly. These can be stories you were told as a child, stories you have read and/or stories that you make up!
4. When it is a child's birthday, buy them a storybook as a gift.
5. Be a reading role model. Make sure that your children see you reading for pleasure regularly.



### INDLELA YOKWENZA OWEZI-2019 KUBE WUNYAKA OGCWELE IZINDABA

1. Fundela izingane zakho imizuzu eyi-15 nsuku zonke.
2. Dlalani umdlalo wethu okhethekile othi "Yakha indaba!" (amakhasi elesi-2 nele-15) nomndeni nabangani bakho nide niwuphinda.
3. Xoxela izingane zakho izindaba njalo nje. Lezi kungaba yizindaba owawuzixoxelwa useyingane, izindaba ozifundile kanye/noma nezindaba ozisuse ekhanda nje!
4. Uma kuwusuku lokuzalwa lwengane, ithengele incwadi yezindaba njengesipho.
5. Yiba yisibonelo esihle sokufunda. Qiniseka ukuthi izingane zakho zikubona ufundela ukuzithokozisa njalo nje.

### INSIDE!

Nal'ibali's "Build a story!" board game. Go to pages 2 and 15, and start playing!

### NGAPHAKATHI!

Umdlalo wamabhodi othi: "Yakha indaba!" wakwaNal'ibali. Iya emakhasini, elesi-2 nele-15, uqale ukudlala!

Read aloud to your children every day – at home, in your classroom, at your library and at your reading club. If you read to them for just 15 minutes every day in 2019, you will have read to them for 5 475 minutes by the end of the year. That's 91½ hours of reading fun!

Fundela izingane zakho kuzwakale nsuku zonke – ekhaya, ekilasini lakho, emtasheni wakho wezinwadi kanye nasethimbini lakho lokufunda. Uma ngabe uzifundela imizuzu eyi-15 nje nsuku zonke ngowezi-2019, uzobe usuzifundele imizuzu eyizi-5 475 ngokuphela konyaka. Lokho ngamahora angama-91½ entokozo yokufunda!



### Where to find free children's stories


- ★ In the 2019 Nal'ibali Supplements.
- ★ In copies of the Nal'ibali Supplement from previous years. You can download these from the "Storytelling" section of the Nal'ibali website – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).
- ★ In the "Start reading" section of the Nal'ibali website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) and on the mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). There are lots of stories in all South Africa's official languages for you to enjoy with your children. Download the stories and print them out, or read them together on a cellphone. There are even stories for you and your children to listen to!

### Lapho ongathola khona izindaba zezingane mahhala

- ★ KuZithasiselo zikaNal'ibali zangowezi-2019.
- ★ Kumakhophi eSithasiselo sikaNal'ibali eminyaka eyadlula. Ungakwazi ukuwakhapha engxenyeni ethi, "Storytelling" yesizindalwazi sikaNal'ibali – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).
- ★ Engxenyeni ethi, "Start reading" kusizindalwazi sikaNal'ibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) kanye nakumobhisayithi ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). Kukhona izindaba eziningi ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika ukuze wena nezingane zakho nizithokozele. Khipha izindaba bese uyaziphrinta, noma nizifunde nindawonye kumakhalekhukhwini. Kukhona ngisho izindaba eningazilalela nezingane zakho!



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXYO.

## How to play

Follow the path and take turns to tell a story about a hero.

1. This is a game for 2 to 6 players.
2. Decide which player will start and who will go next until all the players have had a turn. Keep playing in this order for the rest of the game.
3. The first player begins building the story at **1**. The second player continues the story at **2**, and so on.
4. All the players take turns to follow the blocks on the path.
5. Add ONE sentence to the story at each block.
6. When one of the players gets to **THE END**, your story is complete.



## Kudlalwa kanjani

Landela indlela bese nishintshisana ngokuxoxa indaba mayelana neqhawe.

1. Lona umdlalo wabadlali aba-2 kuya kwabayisi-6.
2. Khethani ukuthi yimuphi umdlali ozoqala nozolandelake kuze kube bonke abadlali sebethole ithuba. Dlalani nendlela kuze kuphele umdlalo.
3. Umdlali wokuqala uqala ukwakha indaba ku-**1**. Umdlali wesibili uqhubeka nendaba ku-**2**, njalondlela.
4. Bonke abadlali bathola ithuba lokulandela amabhulo asendleleni.
5. Faka umusho OWODWA endabeni ebhulokini ngalinye.
6. Uma oyedwa wabadlali eya ku-**ISIPHETHO**, indaba yakho isiphelele.





## Story stars



### Sowing a love of stories

Bukeka Duduzile Xhalisa is a reggae artist from Marcus Garvey in Philippi, Cape Town – and she is also a Nal'ibali FUNda Leader! Duduzile's deep love of children, reading and storytelling motivates her to do what she can to sow a love of reading and stories in her community. She volunteers as a storyteller at different reading clubs and also assists at a school library. Nal'ibali spoke to her recently.

#### Why do you do what you do?

I want to spread a love of stories as much as I can. It is important to me to make sure that children love reading and don't just use it to pass at school. I want them to develop a passion for reading and writing. Stories and books open our minds and allow us to explore the world, and to understand it better.

#### What would help to improve literacy in our country?

Participation. Parents need to be involved in their children's lives. Communities need to be involved too. We need to have the attitude that your child is my child too.

#### What languages should children's books be in?

We should have books in all South Africa's languages so that children can develop a love of reading in their languages.

#### Where does your love of stories and reading come from?

When I was a child my mother told me stories in isiXhosa and one of my primary school teachers read stories to us in isiXhosa and English.

#### Do you read to your children?

Yes, they love stories and I love reading stories to them. I also do it to improve their literacy and to grow their vocabulary. I've always read to them in isiXhosa and English. When they were younger, their favourite books were *IGruffalo* by Julia Donaldson as well as the *Three Billy Goats* and *Goldilocks*.

#### Please complete these sentences for us:

Every child should read ... stories in their mother tongue.

The greatest lesson that I learnt from a book or story was that ... a united community can change anything.

My favourite place to read is ... at the park or library.

At the moment I'm reading ... Kwathini ukuze *Imbila iswele Umsila* by Sindiwe Magona.

A book that made me laugh is ... *IGruffalo*.

Life without stories would be ... nothing – just empty.



## Abavelele ezindabeni



### Ukutshala uthando lwezindaba

UBukeka Duduzile Xhalisa yiciko lomculo wamarasta ophuma eMarcus Garvey ePhilippi, eKapa – futhi uyifUNda Leader yakwaNal'ibali! Uthando olujulile lukaDuduzile ngezingane, ukufunda kanye nokuxoxa izindaba kuyamgqugquzela ukuthi enze akwazi ukukwenza ukutshala uthando lokufunda kanye nezindaba emphakathini wakhe. Uzinikela ngokuthanda kwakhe ukuba wumxoxi wezindaba emathimbeni okufunda ahlukeni aphinde asize emtasheni wezincwadi wesikole. Kamuva nje uNal'ibali uxoxe naye.

#### Kungani wenza lokhu okwenzayo?

Ngifuna ukusabalalisa uthando lwezindaba kakhulu ngangokwamandla enginawo. Kubalulekile kimi ukuqinisekisa ukuthi izingane ziyakuthanda ukufunda futhi azikusebenziseli nje ukuphumelela esikoleni. Ngifuna zithuthukise intshisekelo yokufunda nokubhala. Izindaba kanye nezincwadi zivula imiqondo yethu futhi zisivumele sihlale umhlaba, sibuye siwuqonde nakangcono.

#### Yini engasiza ukwenza ngcono ukufunda nokubhala ezweni lethu?

Ukuzibandakanya. Abazali kudingeka ukuthi babambe iqhaza empilweni yezingane zabo. Nemiphakathi nayo idinga ukubamba iqhaza. Sidinga ukuthi sibe nesimo somqondo sokuthi ingane yakho ingeyami nami.

#### Ngabe izincwadi zezingane kufanele zibe ngaziphi izilimi?

Kufanele sibe nezincwadi ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika yikhona izingane zizothuthukisa uthando lokufunda ngezilimi zazo.

#### Ngabe uthando lwakho lwezindaba nokufunda luphumaphi?

Ngenkathi ngiseyingane umama wayengixoxela izindaba ngesiXhosa kanti omunye wothisha bami basemabangeni aphantsi wayesifundela izindaba ngesiXhosa nangesiNgisi.

#### Ngabe uyazifundela izingane zakho?

Yebo, ziyazithanda izindaba kanti nami ngiyathanda ukuzifundela izindaba. Ngikwenza lokhu futhi ukwenza ngcono ukufunda nokubhala kwazo kanye nokukhulisa ulwazimagama lwazo. Ngihlale ngizifundela ngesiXhosa nangesiNgisi. Ngenkathi zisezincanyana, incwadi ezaziyikhonze kakhulu ngethi, *IGruffalo* kaJulia Donaldson kanye nethi, *Three Billy Goats* nethi, *Goldilocks*.

#### Sicela usiqedelele le misho:

Yonke ingane kufanele ifunde ... izindaba ngolimi lwayo.

Isifundo esinzulu engasifunda encwadini noma endabeni kwakunguthi ... umphakathi ohlangeneyo ungakwazi ukuguqula noma yini.

Indawo yokufunda engiyikhonzile ... epaki noma emtasheni wezincwadi.

Njengamanje ngifunda ... Kwathini ukuze *Imbila iswele Umsila* ebhalwe nguSindiwe Magona.

Incwadi eyangenza ngahleka ngethi ... *IGruffalo*.

Impilo ngaphandle kwezindaba ingaba ... yinto engekho – ayinalutho nje.




Ruvan Boshoff

Bukeka Duduzile Xhalisa



### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILU ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.





“Manje sengibukeka ngingowekhethelo,” kuhleka uPeggy.

UPeggy weqa umgwago wayesegxumela phakathi kupende.  
*Dlubhui Dlubhui Dlubhui*

“Now I look special,” laughed Peggy.

Peggy crossed the street and jumped right into the paint.  
*Splish! Splish! Splish!*



“Mmm... mhlawumbe lokhu kungasebenza.”

UPeggy wabeka umunwe wakhe esihlathini, wacabanga wayula ngempela. Yini ayengayenza ukuthi abukeke engowekhethelo? Wabhaka ngaphesheya komgwago. Lapho wabona ibhodwe likapende.

“Mmm... maybe that will do.”

Peggy put her finger to her cheek and thought really hard. What could she do to look special? She looked across the street. There she saw a pot of paint.



This is an adapted version of *Peggy's smile* published by New Africa Books and available in bookstores and online from [www.loot.co.za](http://www.loot.co.za) and [www.newafricabooks.com](http://www.newafricabooks.com). This story is available in the eleven official South African languages and is part of the New African Stories series – a series of beautifully illustrated children's stories collected from across Africa.

Lena yindaba eguquliwe ethi, *Ukumamatheka kukaPeggy* eshicilelwe ngabakwaNew Africa Books futhi etholakala ezitolo zezincwadi nakuzizindalwazi ku-[www.loot.co.za](http://www.loot.co.za) naku-[www.newafricabooks.com](http://www.newafricabooks.com).

Le ndaba itholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kanti iyingxenywe yochungechunge okuthiwa Izindaba Ezintsha Zase-Afrika – okuwuchungechunge lwezindaba zezingane ezinemidwebo emihle eziqoqwe e-Afrika yonkana.

**dp davidphilip**  
Trading as **New Africa Books**

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination

## Peggy's smile Ukumamatheka kukaPeggy


*Kaanitah Cassim*

*Monde Mraji*

*Zanele Ziqubu*



UPeggy wafika ngaphambi kwehora lonke ukuba isikole singene. Kwakunamanye amagundane amanecane lapho, kodwa onke ayebukeka njengaye. “Angeke kusebenze lokhu!” kuvungama uPeggy. “Angeke ngibukeke ngingowekhethelo lapha!”



Esphindela esikoleni, uPeggy wabona umfanekiso wakhe erasiteleni lasesitolo. Awui Upende wawunombala ofana nesikhumba sakhe. “Angeke kusebenze lokhu,” kukhala uPeggy. “Kungani upende ungabanga bomvu ... noma phuzi ... noma luhlaza okotshani ... noma okwesibhakabhaka?”

On her way back to school, Peggy saw her reflection in a shop window. Oh no! The paint was the same colour as her skin. “This won’t work,” cried Peggy. “Why couldn’t the paint have been red ... or yellow ... or green ... or blue?”




Slowly she remembered ... Peggy gave a big proud smile. The other mice smiled back at her admiringly.

Peggy was special after all! She was the only mouse with a missing tooth!


Kancane, kancane wakhumbula ... UPeggy wamamatheka kakhulu ngokuziqhenya. Amanye amagundane amumoyizelela ngokumncoma.

UPeggy wayevele engowekhethelo kakade! Kwakunguyena kuphela igundane elalinezinyo elingekho!

Kodwa nomfana wayefuna ukufunda ukubhukuda.



But the boy also wanted to learn to swim.



... inhlanzi yavele yaphila!

... and the fish came alive!




Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)

# The fish that couldn't swim

## Inhlanzi eyayingakwazi ukubhukuda

Sarah Gaylard  
Thulisizwe Mamba  
Gisela Strydom



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlanzi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)






Ngakho wayifaka emanzini ...

So he put it in the water ...




There once was a boy who could run and jump and climb. He could even make a noise like a seagull. But he couldn't swim. And oh, how he wanted to.




So the fish showed the boy how to put his mouth in the water and **blow**.

And so, the boy who could run and jump and climb, and even make a noise like a seagull, learnt to swim like a fish.

Ngakho-ke, umfana owayekwazi ukugijima nokugxuma kanye nokucaca, futhi ekwazi ngisho nokwenza umsindo njengedada lasolwandle, wafunda ukubhukuda njengenhlanzi.



Akubona nobummandi lobu ababuzwayo!




What fun they had!


Wayefuna ukuyisiza inhlanzi.



He wanted to help the fish.

Kwake kwaba khona umfana owayekwazi ukugijima nokugxuma kanye nokucaca. Wayekwazi ngisho ukwenza umsindo ofana nowedada lasolwandle. Kodwa wayengakwazi ukubhukuda. Kanti maye, wayengeve ekufuna.






Kwathi ngelinye ilanga wabona inhlanzi nayo  
eyayingakwazi ukubhukuda!


Then one day he noticed a fish that couldn't  
swim either!



Ngosuku olilandelayo, umfana wakhumbula  
lokho inhlanzi eyayimfundise khona.




The next day, the boy remembered what the  
fish had taught him.




Wawabuka onke amawigi. "Mmm... Yisiphi isitayela okufanele ngisikhetha?"

UPeggy wabuka ngengezazi wabona ngaphakathi esitolo. Kwafika nomqondo othile! Mhlawumbe ukugqula izinwele zakhe kuzolenza iqhinga.

Peggy looked through the glass and into the shop. She had an idea! Maybe changing her hair would help to do the trick. She looked at all the wigs. "Mmm... What style should I choose?"



She felt miserable, but tried to smile. All the other mice turned to look at her.  
"Why is everyone looking at me?" Peggy wondered.  
Wayephatheke kabi kodwa wayezama ukumamatheka. Onke amanye amagundane aphenduka ambuka.  
"Kungani wonke umuntu ebuka mina?" uPeggy emangala.




"This won't work!" muttered Peggy. "I won't look special here!"  
Peggy was a whole hour early for school. There were other little mice there, but they all looked exactly like her.



It was Peggy Mouse's first day at school. She jumped up and down, trying to catch the attention of her mom and dad. She wanted to show them her new uniform, but they were too busy looking after all her brothers and sisters.

Kwakuwusuku lukaPeggy Gundane lokuqala esikoleni. Wagxuma eya phansi naphezulu ezama ukwenza ukuthi unina noyise bamnake. Wayefuna ukubakhombisa inyufomu yakhe entsha, kodwa babematasatasa bebheke bonke abafowabo nodadewabo.

Mhlawumbe esikoleni kukhona ozozibheka izingubo zikaPeggy ezintsha. Wacula egxuma ehla ngomgwaqo. “Ngibheke! Ngibheke! Namlanje ngingowekhethelo.”




Maybe at school someone would look at Peggy’s new clothes. She sang and skipped down the street. “Look at me! Look at me! Today I’m special.”

When Peggy left the shop, it was raining and the wind was blowing. *Plopi Plopi Plopi!* That was the end of Peggy’s new hair-do!



At one minute to eight Peggy stood in front of the school gates. All the other mice were there too. There was nothing more that Peggy could do. She couldn’t be late.



Sekusele umzuzu owodwa kushaye ihora lesishiyagalombili, uPeggy wama phambi kwamasango esikole. Onke amanye amagundane nawo ayelapho. Kwakungasekho okunye ayesangakwenza uPeggy. Wayengeke akwazi ukufika emuva kwesikhathi.



# Ginger



By Joanne Bloch Illustrations by Jiggs Snaddon-Wood

Dimpho and Sello's mom had a problem. "My feet felt like blocks of ice last night!" she told the children one Monday morning. "They were so cold I couldn't sleep. Now I'm very tired!"

"I know!" said Sello. "Why don't you wear socks in bed tonight?"

"What a good idea!" said Mama. "My children are so clever!"

That night, she put on her thickest woolly socks. "Auntie Thoko gave me these socks for Christmas," she said. "They are very warm! I'll sleep well tonight!"



But Mama was wrong. On Tuesday morning, she was tired again.

"I couldn't sleep a wink," she sighed. "If only I could warm up my silly cold feet!"

"Mama," said Dimpho, "why don't you soak your feet in hot water before you go to bed tonight?"

"That's worth a try!" said Mama. "Thank you!"

After supper that night, Mama poured hot water into a big red basin. "Mmmm, this feels good!" she said, swishing her feet about. "I'm sure I'll sleep well tonight."

But guess what? On Wednesday morning, she was tired again. "At first it was perfect," she said, "but after a few hours, it was the same old story ... cold, cold feet! I'll just have to think of something else. Eat up, now! It's time to go to school!"

When Mama came home from work that evening, Dimpho had some good news. "My teacher says that drinking ginger tea makes you feel warm all over," she explained. "Ginger tea will warm up your feet!"

"Okay," said Mama. She didn't sound very happy. After so many nights of not enough sleep, she felt very grumpy!

But Mama didn't forget what Dimpho had said. On Saturday morning, before she left for work, Mama asked the children to go and buy some ginger. "Nothing else has helped," she said, as she got ready for work. "Maybe ginger will do the trick!"

Off went the children. "What are you looking at, Sello?" asked Dimpho when they came to the big road near the shops. Sello didn't answer. He was staring at something nearby. "Sello!" said Dimpho again. "Hold my hand. We need to cross the road now."

"Not yet!" said Sello. "Look over there! We need to help that cat!" And before Dimpho could stop him, Sello had rushed off.

On an empty plot, two boys about Sello's age were teasing a grey cat. They laughed. The cat was trying to escape.

For a small boy, Sello had a big, loud voice. "STOP THAT!" he shouted. "Leave that cat alone!"

"Yes, leave it alone!" said Dimpho.

The boys looked up. "Why should we?" said one of them sulkily, but the other boy let go of the frightened cat. "What do you care, anyway? It's only a stupid stray cat! Come on, Jabs, let's go!"

When Dimpho and Sello's mom came home that afternoon, she couldn't believe her eyes. Her children were patting a fluffy grey cat. The cat was purring and licking itself. Mama saw that they had fed it some leftover meat.

"What on earth is going on?" she asked angrily. "Why did you bring that animal home? Get rid of it right now!"

"But Mama, it's raining outside," said Sello. "Kitty will get wet! Please can we keep her, just for tonight? PLEASE?"

Mama looked out of the window. It was true. When she got out of the taxi, there were grey clouds in the sky. Now it was pouring. "Fine," she said with tight lips, "but tomorrow, that cat goes."

"Thank you, Mama!" said both children.

"Hmmmph," said Mama. She sat down, took off her shoes, and rubbed her feet. "Where is that ginger you bought me?" she asked. "It's time for my first cup of ginger tea!"

The children stared at each other with huge, round eyes. They had forgotten to buy the ginger! Mama was very cross. She stayed cross all night. As soon as the kitchen was clean, she went straight to bed.

On Sunday morning, when Dimpho and Sello woke up, there was no sign of their mom. They were surprised – she always woke up early. They couldn't see the cat either.

"Let's check that Mama's okay," said Dimpho. Quietly they opened the door to her room, and peeped in. What do you think they saw? Mama was lying in bed, looking lazy. The cat was curled up at her feet, purring loudly.

"Morning," said Mama. "What a good night! Warm feet at last!" She looked at the cat. "I think we may have to keep you!" she told it. "Let's call you Ginger!" The grey, fluffy cat purred even louder.



The children laughed, clapped and bounced about. Then Sello stopped. He was frowning. "But, why are we calling her Ginger?" he asked.

"Well," said Mama, "you two went to the shop to buy some ginger, but you brought this cat back instead. She kept my feet warm like Dimpho said the ginger tea would, so her name is Ginger!"

And that was what they called her.



## UJinja

NguJoanne Bloch Imidwebo nguJiggs Snaddon-Wood



Unina kaDimpho noSello wayenenkinga. "Izinyawo zami bezizwakala sengathi ziyizitina zeqhwa izolo ebusuku!" etshela izingane ngomunye uMsombuluko ekuseni. "Bezibanda ngale ndlela yokuthi angikwazanga ukulala. Manje sengikhathele kakhulu!"

"Ngiyazi!" kwasho uSello. "Kungani ungagqoki amasokisi embhedeni namuhla ebusuku?"

"Yisu elihle lelo!" kwasho uMama. "Izingane zami zihlakaniphe kabi!"

Ngalobo busuku, wafaka amasokisi alugginsi kakhulu nantofontofo. "U-Anti Thoko wangipha la masokisi ngoKhisimusi," kusho yena. "Afudumele ngempela! Ngizolala kahle namuhla ebusuku!"



Kodwa-ke uMama wayenephutha. NgoLwesibili ekuseni, wayekhathele futhi.

"Angilalanga nhlobo," waphfumulela phezulu. "Uma nje ngingafudumeza lezi zilima zezinyawo zami ezibandayo!"

"Mama," kwasho uDimpho, "kungani ungafaki izinyawo zakho emanzini ashisayo isikhashana ngaphambi kokuthi uyolala namuhla ebusuku?"

"Lokho kufanele kengikuzame!" kwasho uMama. "Ngiyabonga!"

Ngemuva kwesidlo sakusihlwa ngalobo busuku, uMama wathela amanzi ashisayo endishini enkulu ebomvu. "Mmmm, kwaze kwamnandi lokhu!" kwasho yena, eyaluzisa izinyawo zakhe. "Ngikholwa ukuthi ngizolala kahle ebusuku namhlanje."

Kodwa-ke awuqagele ukuthini? NgoLwesithathu ekuseni, wayekhathele futhi. "Ekuqaleni bekukuhle kakhulu," kwasho yena, "kodwa ngemuva kwamahora ambalwa, kwaba yiyona leyo ndaba endala efanayo ... izinyawo ezibanda mo! Kuzofanele ngicabange okunye. Yidlani niqede, manje! Sekuyisikhathi sokuya esikoleni!"

Kwathi lapho uMama efika ekhaya ebuya emsebenzini ebusuku bangalelo langa, uDimpho wabe ezezindaba ezimnandi. "Uthisha wami uthi ukuphuza itiyi likajinja kukwenza ufudumale yonke indawo," kuchaza yena. "Itiyi likajinja lizozifudumeza izinyawo zakho!"

"Kulungile," kwasho uMama. Wayengezwakali ejabule kangako nokho. Ngemuva kobusuku obuningi engalali ngokwanele, wayesezizwa enokudinwa kakhulu!

Kodwa uMama akakhohlwanga ukuthi uDimpho wayekade etheni. NgoMgqibelo ekuseni, ngaphambi kokuthi ahambe aye emsebenzini, uMama wacela izingane ukuthi zihambe ziyothenga ujinja. "Akukho lutho olungisizile," kwasho yena, ngenkathi elungela ukuya emsebenzini. "Mhlawumbe ujinja uzosiza nje!"

Zahamba izingane. "Ubukani, Sello?" kwabuza uDimpho ngenkathi befika emgwaqeni omkhulu eduze kwasezitolo. USello akaphendulanga. Wayegqolozele into ethile eseduze. "Sello!" kwasho uDimpho futhi. "Bamba isandla sami. Kumele sinqamule umgwaqo manje."

"Hhayi okwamanje!" kwasho uSello. "Bheka laphaya! Kumele silisize leliya kati!" Ngaphambi kokuthi uDimpho amvimbe, uSello wayesegijimile waqhela.

Endaweni engenalutho, abafana ababili abalingana noSello ngokweminyaka babegcona ikati elimpunga. Bahleka. Ikati bandla lalizama ukuphunyula.

USello wayenezwi elikhulu elizwakalayo ekubeni engumfana omncane. "YEKELANI LEYO NTO!" kwamemeza yena. "Yekelani lelo kati!"

"Yebo, liyekeleni!" kwasho uDimpho.

Abafana baphakamisa amakhanda babheka. "Siliyekeleni?" kwasho omunye wabo ngokunengwa, kodwa omunye umfana walidedela ikati elaethukile. "Nihlushwe yini vele? Yisilima nje lesi sekati elingenakhaya! Woza, Jabu, masihambe!"

Ngenkathi umama kaDimpho noSello ebuya ntambama ngalelo langa, akazange awakholwe amehlo akhe. Izingane zakhe zaziphulula ikati elimpunga elinoboya obuntofontofo. Ikati lalikhalkhala, lizikhotha. UMama wabona ukuthi babekade belifunza inyama eyayikade iseke.

"Kwenzekani ngempela la?" wabuza ngokuthukuthela. "Nisiletheleni leso silwane lapha ekhaya? Sisuseni lapha njengamanje!"

"Kodwa Mama, liyana phandle," kwasho uSello. "UKhithi uzoba manzi! Siyacela ukuthi simgcine, okwanamuhla ebusuku nje! SIYACELA!"

UMama wabuka phandle efasiteleni. Impela kwabe kuyiqiniso. Ngenkathi ephuma etekisini, kwakukhona amafu ampunga esibhakabhakeni. Manje lase liyithela.

"Kulungile," washo eqinisa izindebe zomlomo, "kodwa kusasa, ikati liyahamba."

"Siyabonga, Mama!" kusho izingane zombili.

"Hhuuu," kwasho uMama. Wahlala phansi, wakhumula izicathulo zakhe, wayesehlikihla izinyawo zakhe. "Uphi lowaya jinja eningithengele wona?" kwabuza yena. "Sekuyisikhathi senkomishi yami yokuqala yetiye likajinja!"

Izingane zabukana ngamehlo amakhulu, ayizindilinga. Zazikhohliwe ukuthenga ujinja! UMama wacasuka kakhulu. Wayelokhu ecasukile ubusuku bonke. Kwathi kungacoceka kahle ekhishini, waqonda ngqo embhedeni.

NgeSonto ekuseni, ngenkathi uDimpho noSello bevuka, unina wayengabonwa nangalukhalo. Bamangele nje – phela njalo nje wayesheshe avuke. Nekati futhi abazange balibone.

"Ake sibheke ukuthi kuhamba kahle yini kuMama," kwasho uDimpho. Ngokucophelela bavula umnyango wekamelo lakhe, base belunguza. Ucabanga ukuthi babona ini? UMama wayelele embhedeni, ebukeka evilapha nje. Ikati lalizisongela ezinyaweni zakhe, likhala ngokuzwakalayo.

"Sanibonani," kwasho uMama. "Baze babuhle ubusuku! Ekugcineni zafudumala izinyawo!" Wabuka ikati. "Ngicabanga ukuthi kuzofanele sikugcine!" washo elithshela. "Masikubize ngoJinja!" Ikati elimpunga elinoboya obuntofontofo, lathi mnyawu kakhudlwana.




Izingane zahleka, zashaya izandla, zagxumagxuma. Emva kwalokho uSello wama. Wayehlinile. "Kodwa, kungani silibiza ngoJinja?" kubuza yena.

"Kulungile," kwasho uMama, "phela nina nobabili nihambile naya esitolo niyothenga ujinja, kodwa esikhundleni sawo nibuye naleli kati. Ligcine izinyawo zami zifudumele njengoba noDimpho ubekade ethe itiyi likajinja lizokwenza njalo, ngakho igama lalo nguJinja!"

Nebala balibiza kanjalo-ke.

# Build a story!

## Yakha indaba!



What is the object  
now? Why?  
Yakha i-  
Kungani?

19

Your hero is  
afraid. Why?  
Iqhawe lakho  
liyesaba. Kungani?

What does your  
hero see?  
Iqhawe lakho  
libonani?

21

Something  
happens to make  
your hero feel  
brave. What is it?  
Kukhona  
okwenzekayo  
lakho libe  
nesibindi. Yini  
leyo?

What does your  
hero hear?  
Iqhawe  
lakho lizwani  
ngezindlebe?

What does your  
hero remember?  
Iqhawe lakho  
likhumbulani?

What happens  
now?  
Kwenzekani  
manje?

22

What has your  
hero learned?  
Lifundeni  
iqhawe lakho?

23

THE END  
ISIPHETHO

What happens  
next?  
Kwenzekani  
manje?

10

What does the  
hero do?  
Libe selenzani  
iqhawe lakho?

Real or pretend?  
Okwangempela  
noma  
inganekwane?

What does the  
person look like?  
Ubukeka kanjani lo  
muntu?

What does your hero  
do with the object?  
Lenzani iqhawe lakho  
ngaleyo nto?

8

Your hero sees someone in  
the distance. Who is it?  
Iqhawe lakho libona  
umuntu othile buqamama.  
Ubani?

How did it get there?  
Ifike kanjani lapho?

Think of an  
unusual object.  
Add it into the  
story.

Cabanga  
ngento ethile  
engajwayelekile.  
Yibandakanye  
endabeni.

Who does the object  
belong to?  
Ekabani leyo nto  
engajwayelekile?

Now?  
Manje?

How does the person  
make your hero feel?  
Lo muntu ulenza lizizwe  
kanjani iqhawe lakho?

Real or pretend?  
Okwangempela noma  
kuyinganekwane?

6

What happens  
next?  
Kwase  
kwenzekani?



3

Describe where  
the story starts.  
Chaza lapho  
kuqala khona  
indaba.


4

Start telling the story  
like this: One day ...  
Yiqale kanje indaba  
uma uyixoxa: Kwathi  
ngelinye ilanga ...

5

What can you smell?  
Yini oyizwayo  
ngamakhala akho?

What can you see?  
Ubonani?




# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



### 1. What a lot of fish!

- Can you guess how many complete fish there are in the picture alongside? (The answers at the bottom of the page will tell you how close your guess was!)
- Where do you think all of the fish are going? Why are they going there? Make up your own story about the fish! You could start it like this: "One day ..."



### Izinhlanzi eziningi kangaka pho!

- Ungaqagela ukuthi zingaki izinhlanzi eziphelele esithombeni esingezansi? (Izimpendulo ezisekupheleni kwekhasi zizokutshela ukuthi ukuqagela kwakho bekusondele kangakanani!)
- Ucabanga ukuthi zonke lezi zinhlanzi ziyaphi? Kungani ziya lapho? Ziqambele eyakho indaba ngezinhlanzi! Ungayiqala kanjena: "Ngelinye ilanga ..."



### 2. Can you find the names of these Nal'ibali characters in this wordsearch?

C	G	O	G	O	M	X	H	I	T
A	D	E	O	O	B	L	G	O	G
A	F	R	I	K	A	M	D	N	S
V	N	O	O	D	L	E	I	A	P
J	K	N	P	Q	I	R	N	S	R
O	T	B	E	L	L	A	T	U	I
S	W	M	Y	Z	A	C	L	E	Y
H	O	P	E	A	G	N	E	O	A

### Ungawathola yini amagama alaba balingiswa bakaNal'ibali kulokhu kokufuna amagama?

 NEO	 NOODLE	 HOPE
 BELLA	 MBALI	 PRIYA
 GOGO	 AFRIKA	 DINTLE
 JOSH		

### 3. How well do you know the Nal'ibali characters?

- Who is the oldest character? \_\_\_\_\_
- Which character is not a person? \_\_\_\_\_
- Who does (b) belong to? \_\_\_\_\_
- Who is Neo's sister? \_\_\_\_\_
- Who is Dintle's brother? \_\_\_\_\_
- Who is in the same class at school as Neo? \_\_\_\_\_
- Who is younger: Josh or Hope? \_\_\_\_\_



### Ngabe ubazi kahle kangakanani abalingiswa bakaNal'ibali?

- Yimuphi umlingiswa omdala kakhulu? \_\_\_\_\_
- Yimuphi umlingiswa ongeyena umuntu? \_\_\_\_\_
- Ngabe u-(b) ngokabani? \_\_\_\_\_
- Ngubani udadewabo kaNeo? \_\_\_\_\_
- Ngubani umfowabo kaDintle? \_\_\_\_\_
- Ngubani osekilasini elifanayo esikoleni noNeo? \_\_\_\_\_
- Ngubani omncane kunomunye: uJosh noma uHope? \_\_\_\_\_



Answers: 1. 48; 3. (a) Gogo (b) Noodle (c) Bella (d) Mbal (e) Afrika (f) Priya (g) Hope  
 Izimpendulo: 1. 48; 3. (a) uGogo (b) uNoodle (c) okBella (d) uMbal (e) u-Afrika (f) uPriya (g) uHope

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:  
 Nal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte ngokushayela isikhungo sethu sezingcingo kule nombolo: 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)



Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan  
 IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your imagination

